# UKUPHOYISA BESIGABA

"Asisondeze ubuphoyisa emphakathini"




## YINI UBUPHOYISA BESIGABA?

Inkundla yakho yokusebenza ngokubambisana namaphoyisa ukubhekana nezimbangela zobelelesi endaweni yangakini.

### Izinhloso nezinjongo zobuphoyisa besigaba yilezi- -

- Ukuvimbela ukwenzeka kobelelesi
- Ukukhuthaza ubuphoyisa obubonakalayo nobufinyelelekayo ngamaphoyisa aziwayo nawendawo
- Ukusondeza uphiko Lwezemisebenzi Yamaphoyisa AseNingizimu Afrika (i-SAPS) emphakathini
- Ukusebenza ngokubambisana okukhulu nomphakathi wangakini
- Ukukhulisa ukuxhumana phakathi komphakathi ne-SAPS
- Ukusungula ukubambisana nomphakathi
- Ukwenza ukuthi i-SAPS iqonde izinkinga zendawo ngokuveza nokusiza ekubhekaneni nezimbangela zezinkinga
- Ukuletha imisebenzi esezingeni eliphezulu ngokusiza nangokugunyaza komphakathi wendawo
- Ukuthuthukisa ukwethemba nokuzethemba kwe-SAPS
- Ukukhulisa ukuzibophezela kwamaphoyisa emphakathini
- Ukuthuthukisa ukulethwa kwemisebenzi emphakathini
- Ukukhulisa ukutholakala kahle kwemininingwane



phakathi kwe-SAPS nomphakathi ukuthuthukisa isikhathi sokuphendula kwe-SAPS, ukuphenya, ukuxazululwa kokungaboni ngaso linye nokuthembela komphakathi ophikweni lwe-SAPS.

### Yini umsebenzi kaKhomanda Wesigaba?

- Ukuhlanganisa umphakathi wesigaba ukuthi uthathe izinyathelo ngobelelesi basendaweni ngokubambisana ne-SAPS.
- Ukwenza ukuthi kube nokuxoxisana phakathi komphakathi wesigaba nesiteshi sawo samaphoyisa.
- Ukusebenza njengesikhulu sokunqanda ubelelesi, okubandakanya ukubamba iqhaza kuzo zonke izinhlelo namaphrojekthi abhekene nobelelesi esigabeni.

### Yini umsebenzi womphakathi?

- Ukuhambela izinkundla zemihlangano yesigaba ukuxoxisana Nokhomanda Wesigaba ngezinhlelo ukuze kunqandwe ubelelesi nezimbangela zobelelesi esigabeni.
- Ukubamba iqhaza ezinhlelweni zasendaweni ukuphephisa indawo ohlala nosebenza kuyo.
- Ukuthatha ubunikazi bobuphoyisa bomphakathi nokusekela i-SAPS ekusebenziseni nobuphoyisa besigaba.
- Ukwabelana nezinkinga/izinselelo ezimayelana nobelelesi ezivela ezingeni lendaweni ye-SAPS nokusebenza ngokubambisana ukuthola izisombululo zokubhekana nalezi zinkinga/izinselelo.



- Ukusebenza njengamehlo nezindlebe ze-SAPS nokubika ngendlela youziphatha esolisayo kumalunga e-SAPS asesiteshini samaphoyisa.

### Izinhlaka zokubandakanyeka komphakathi ebuphoyiseni

- Amarizevu (e-SAPS)
- I-CPF (YoMthetho Wophiko Lwezemisebenzi Yamaphoyisa AseNingizimu Afrika, we-1995 (UMthetho wama-68 we-1995))
- Amaqembu aqaphe emphakathini
- Izinhlaka zokuqapha emphakathini
- Amakomidi asemgwaqeni.

### Umehluko phakathi kwamarizevu nezinhlaka zokuphepha emphakathini

- Amarizevu -
  - Aqashwe ngokwesigaba sama-48 SoMthetho Wophiko Lwezemisebenzi Yamaphoyisa AseNingizimu Afrika, 1995 (UMthetho wama-68 we-1995)
  - Anamandla afanayo nawamalunga e-SAPS, ngamanye amagama, ukubopha nokuphenya amacala
  - Athola ukuqeqeshwa kwezezibhamu, phakathi kwezinye izinto, izindaba zezomthetho, imisebenzi nenqubo esemqoka yamaphoyisa.




- Izinhlaka zokuphepha komphakathi
  - Zisebenzisana Nezinkundla Zobuphoyisa Bomphakathi
  - Zinamandla amancane, njengokubopha isakhamuzi
  - Zinokuqeqeshwa okuncane,njengolwazi olusemqoka lwemithetho, ubuphoyisa bomphakathi nokulawulwa kwendawo okwenzeke kuyo ubelelesi

### Imisebenzi yezinhlaka zokuphepha komphakathi

- Ukuba amehlo nezindlebe ze-SAPS
- Uma kunesidingo, ukubopha isakhamuzi ngokwesigaba sama-42 soMthetho Wokubanjwa, Ukushushiswa Nokugwetshwa Kwezelelesi, 1977 (UMthetho wama-68 we-1977)
- Ukwenza imisebenzi yokugada eyosiza ukunqanda ubelelesi
- Ukuvikela izindawo okwenzeke kuzo ubelelesi uma ufike kuqala kuleyo ndawo
- Ukugqugquzela ubudlelwano obuhle endaweni
- Ukwenza imisebenzi yokuzinikela
- Ukubika ubelelesi nobelelesi obusaqhubekayo kwi-SAPS
- Ukwenza izinhlelo zokuxwayisa ngokuvimbela ubelelesi kumalungu omphakathi



South African Police Service